

# Thursday in Black

## Ihlelwe yethulwa uMrs N.P. Ndlebe (Connexional WPU Secretary)

Lomkhankaso waqala eminyakeni edlule endaweni yaseNingizimu neMelika. Inhloso kwakungukuhlanganyela ngokuzwelana nabesifazane abadlule ekudlwengulweni, ekuhlukunyezweni ngokocansi, udlame lwasemakhaya (domestic violence), njalo njalo.

Kungani kwaqala ukugqoka in Black on Thursday? Omama ngosuku lwabo lomthandazobasuke bekhumbula futhi bezwelana nabo bonke omama abahlukunyezwayo, nalabo abahlukunyezwa baze badlula emhlabeni.

### **Obani abasihlukumezayo?**

In most cases kuba abantu esibaziyo nesibathembayo. Ukuhlukunyezwa kwabesifazane kuyasithinta sonke ngandlelathizeni.

Siyahlangana yini siwuManyano loMama sixoxe ngezinto ezisichaphazelayo? Masisukumeni boMama, sizihluphe sifune ulwazi oluzosiza thina nabantwana bethu. Masixhumane noMasipala bethu, silalele izinkulumo zabaholi bethu bomphakathi sizihlaziye. Masisebenzise ubuningi bethu ukuthi silekelaneni sodwa. Uma singazibophezela ngokuthi uMama noMama njalo ngeSonto (Sunday) anikele ukusukela ku-R 5.00 sizakhele isikhwama sethu, kukhulu esingakwenza ukulekelela abanye oMama nabantwana abahlwempu.

### **Sisters for life:**

Kunenqwaba yoMama ababa iqhaza eBhayibhelini. Singabala nje abambalwa uEster, Sarah, Ruth, Mary, Hannah nabanye. Ngakho nathi kulemihla yethu singalibamba iqhaza sense umehluko ezimpilweni zethu kanye nabanye oMama.

Abanye oMama bashonelwa abayeni, abanye bashiywa abayeni for younger girls. Sizikhulisela ngasodwana abantwana bethu, sizabalaza kanzima. Abanye omama baze badlule emhlabeni bengakaze nje banconywe ngemisebenzi yabo emihle. Asinconywa ngabayeni bethu, ezindaweni esisebenza kuzo nasemindenini yethu kanjalo nalapha enkonzweni. Abayeni bethu sebengama-Blessed. Sihlushwa abantwana bethu, abalaleli, badla izidakamizwa, badayisa ngemizimba, amantombazane adakwa adlula oyise. Ayazala awazinakekeli izingane zawo, ziyagula, konke lokhu kudinga thina singomama sibambane sibheke phambili sicebisane ukuze siqobe lonke uhlobo lwesitha esibhekene naso.

BoMama masifunde ukuphana Amandla, sikhulekelane ngoba we are Sisters for life. UNkulunkulu wadala u-Adam, wabona ukuthi akuphelele, wabe esedala u-Eva ongowesifazane ngoba umuntu wesifazane uyimaster piece. Abantu besifazane bayalalela, kodwa masingagcini nje ngokulalela, masenze njengokusho kwezi leNkosi. Luke 10:38.

Umuntu wesifazane ubaluleke kakhulu, uSathane uyaqonda ukuthi uma ufuna ukubhidliza indlu nyakazisa insika, yikho uma ezobhedisa izinto ezweni wasebenzisa owesifazane (Eva, Delila) Umama wengane eyacela ikhanda likaJakobe owesifazane. Noma ezolungisa izinto ezonakele uNkulunkulu usebenzisa umuntu wesifazane, ukuze kusindiswe abajuda wasebenzisa uEster ukusindisa ihlabathi lonke wasebenzisa uMariya ukuletha uJesu emhlabeni.

Umama uthi esensimini abe ebelethe umntwana emhlane, uthi ehlanza indlu abe ebeke izimbiza estofini njalo njalo. Inkosikazi ehlananiphile iyayakha indlu yayo kanti eyisiwula iyayibhidliza yona ngezandla zayo. Phela kuya ngokuthi ezikabani izandla

- ITennis Racket esandleni sikaSerena Williams iwina ama-trophy kwesami ngeke iwine lutho.
- Induku esandleni sikaMose yazigwinya ezinye izinyoka, yalwehlukana phakathi ulwandle olubomvu kodwa kwezami izandla
- Izinhlanzi ezimbili nolofu abawu-5 kwezami izandla kungaba ibreakfast kodwa kwezikaJesu kwadliwa izinkulungwane zabantu zasutha.
- Isihlilingi esandleni sami ngeke sibulale nenyoni kodwa kwesikaDavide sabulala uGoliyathi.
- Igrocery esandleni sompheki iphenduka ukudla okumnandi.
- Imbewu esandleni somlimi iphenduka izitshalo ezithelayo.
- Indwangu esandleni somthungi iphenduka enhle ingqephu lena.
- Ingane esandleni somzali iyathula

Omunye angabuza athi onjani uMama oyisiwula? Yilowo onomsindo (okhulumela futhi). Ake siyeke ukuhlangana ngokuhleba sidicilele amagama abanye oMama phansi, sihlelise ngosizi nezinkinga zabanye oMama kodwa make sihlangele sithandaze sibathandazele abaxakekile. Ake sihlukane nokubikela wonke umuntu izindaba / izinkinga zethu, khumbula uMshunemikazi uma kuthiwa usahlezi kahle umntwana? Impendulo yakhe yathi konke kuhamba kahle ngoba wayemazi azomtshela nozokuba nesixazululo sesimo akuso. Ithi iNcwandweni "Bika kuJesu", athi umhlabeleli "Themba limbi anginalo, nqaba yimbi anginayo, ngizibika kuwe Nkosi".

Akafuneki uMama oyivila, njengoba eyivila nje ukhuthule ezindabeni, (phinifa lidabuka emabeleni ngoba ema ezingcingweni eyolanda izindaba) uzwe kubalwa la kuxatshenwe khona kuthiwa nalowaya Mama oyikholwa ubekhona. Masenze izinto esingeke sizisole ngazo esikhathini esizayo. Thina singalaxa ibandla lethu lime kanjalo yithi futhi esinokulibhidliza liphele nya. Thina siyimbokodo sinamandla. Masiyeke ukumonelana. Umona isifo esibi esingakuholela ekuthakatheni nasekubulaleni.

We need women that pray for each other, women that speak life into each other's dry bones. We are the women of purpose, women of God.

No matter how many times the teeth bite the tongue, they still stay together in one mouth. That is the spirit of forgiveness and oneness.

Even though the eyes don't see each other, they see things together, blink simultaneously and cry together. That is unity.

### **Five (5) lessons of a pencil:**

1. Everywhere you go / write you leave a mark.
2. Correct / erase all mistakes you have made along your way.
3. What is important is what is inside.
4. In order to write properly, you must be sharpened.
5. Allow the hand that leads / holds you.

May the Lord grant us all the Spirit of forgiveness and togetherness. United we stand, divided we fall.

Have a private session with God.

God bless you.